Government Gazette
Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
REPUBLIEK VAN SUID-AFRIKA

Vol. 493 Cape Town, Kaapstad, 5 July Julie 2006 **No. 28992**

THE PRESIDENCY

No. 660 5 July 2006

It is hereby notified that the President has assented to the following Act, which is hereby published for general information:—

No. 4 of 2006: Electricity Regulation Act, 2006.

IHHOVISI LIKAMONGAMELI

Ino. 660 5 July 2006

Ngalokhu kwaziswa ukuthi uMongameli usewuvumile loMthetho nosewuzoshicilelelwa umphakathi:—

Ino. 4 ka 2006: Umthetho woKulawula uGesi ka 2006.

9 771682 584003 28992

AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

GENERAL EXPLANATORY NOTE:

[ ] Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments.

Words underlined with a solid line indicate insertions in existing enactments.

(English text signed by the President.)
(Assented to 27 June 2006.)

ACT

To establish a national regulatory framework for the electricity supply industry; to make the National Energy Regulator the custodian and enforcer of the national electricity regulatory framework; to provide for licences and registration as the manner in which generation, transmission, distribution, trading and the import and export of electricity are regulated; and to provide for matters connected therewith.

BE IT ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

ARRANGEMENT OF SECTIONS

Sections

CHAPTER 1

INTERPRETATION

1. Definitions
2. Objects of Act

CHAPTER II

OVERSIGHT OF ELECTRICITY INDUSTRY

3. Regulator
4. Powers and duties of Regulator
5. Advisory committees
6. Customer and end user forums

CHAPTER III

ELECTRICITY LICENCES AND REGISTRATION

*****

ISAZISO NGENLAZELO YEMIBHALO EVAMILE:

[ ] Amagama abhalwe ngokugqmile kubakaki akhombisa okweqiwe kulomthetho.

Amagama adwetshweliwe ngomugqa ogqamileyo akhombisa okufakeliwe kulomthetho.

(English text signed by the President.)
(Assented to 27 June 2006.)

UMTHETHO

Ukusungula uhlaka lukazwelonke oluzohambisa ngomthetho imboni enikezela ngogesi; ukwenza iNational Energy Regulator ibe ngumphathi nokuthi kube yiyo ezokwenza ukuthi uhlaka lukazwelonke oluzohambisa ngomthetho ugesi lulandelwe; ukunikeza amalayisensi nokubhalisa indlela okuzoqhutshwa ngayo ukwenziwa, ukuthumela, ukwabiwa, ukuhweba ngogesi; ukungenisa nokukhipha ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu; kanye nokubhekelela izindaba ezixhumene kanye nakho lokhu okungenhla.

INGABE IMISWE NGOKOMTHETHO yiPhalamende laseRiphablikhi yase-Ningizimu Afrika, ngale ndlela:—

UKUHLELWA KWEZIQEPHU

Iziqephu

ISAHLUKO I

UKUHLAZIYA

1. Izincazelo
2. Izinto ezimayelana nemithetho

ISAHLUKO II

OKUPHATHELENE NEMBONI KAGESI

3. Ohambisa izinto ngokomthetho
4. Amandla nemisebenzi yohambisa izinto ngokomthetho
5. Izigungu zokweluleka
6. Isigungu zamaKhasimende kanye nabasebenzisi bomkhiqizo

ISAHLUKO III

* * * * * *

8. Activities requiring licensing
9. Certain activities not licensed
10. Registration
11. Application for licence
12. Advertising of licence application
13. Information to be supplied
14. Finalisation of application
15. Conditions of licence
16. Tariff principles
17. Amendment of licence
18. Revocation of licence on application
19. Contraventions of licence
20. Order by court
21. Renewal of licence
22. Powers and duties of licensee
23. Powers of entry and inspection
24. Electricity infrastructure not fixtures
25. Rights over streets
26. Liability of licensee for damage or injury
27. Expropriation

CHAPTER IV

*****

CHAPTER V

RESOLUTION OF DISPUTES AND REMEDIES

42. Resolution of disputes by Regulator
43. Remedies against decisions of Regulator

CHAPTER VI

INVESTIGATIONS

44. Investigations

CHAPTER VII

GENERAL PROVISIONS

45. Entry, inspection and information gathering by Regulator
46. New generation capacity
47. Regulations, rules, guidelines, directives and codes of conduct and practice
48. Repeal of laws and savings
49. Short title and commencement

SCHEDULE 1

SCHEDULE 2

ILAYISENSE KAGESI NOKUBHALISA

8. Imisebenzi edinga ilayisense
9. Eminye imisebenzi engadingi ilayisense
10. Ukubhalisa
11. Ukufaka isicelo selayisense
12. Ukukhangisa ngesicelo selayisense
13. Ulwazi okumele lunikezwe abantu
14. Ukuphelelisa isicelo selayisense
15. Imibandela yelayisense
16. Imigomo yohlelo lwemali yentela
17. Ukuchitshiyelwa kwelayisense
18. Ukuchithwa kwesicelo selayisense
19. Ukwephulwa kwemibandela yelayisense
20. Iziyalelo zenkantolo
21. Ukuvuselelwa kwelayisense
22. Amandla nemisebenzi yomuntu onelayisense
23. Amandla omuntu oneliyisensi
24. Ingqalasizinda kagesi, hhayi okumi ngqi okungasuki
25. Amalungelo amayelana nemigwaqo
26. Icala lomuntu onelayisense uma kunomonakalo noma kulinyelwe
27. Ukuphangwa kwempahla ngokomthetho

ISAHLUKO IV

* * * * * *

ISAHLUKO V

IZINQUMO EMAYELANA NEMIBANGO KANYE NAMAKHAMBI OKUSOMBULULA

42. Izinqumo, ezimayelana nemibango, ezithathwe yilowo ohambisa izinto ngokomthetho
43. Amakhambi ayizisombululo angahambisani nezinqumo zalowo ohambisa izinto ngokomthetho

ISAHLUKO VI

UPHENYO

44. Uphenyo

ISAHLUKO VII

EZINYE IZINQUMO

45. Ukungena, ukuhlola nokuqoqwa kolwazi yilowo ohambisa izinto ngokomthetho
46. Uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi
47. Imithetho, izimiso, izinqubomgomo, iziyalo nendlela yokuziphatha nokuqhuba umsebenzi.
48. Ukuchithwa kwemithetho nokuyibuyisa
49. Izihloko ezimfushane nezinsuku zokuqala ukusebenzisa imithetho

UHLELO 1

UHLELO 2

CHAPTER I

INTERPRETATION

Definitions

1. In this Act, unless the context indicates otherwise—

"chief executive officer" means the chief executive officer of the Regulator;

*****

"customer" means a person who purchases electricity or a service relating to the supply of electricity;

"distribution" means the conveyance of electricity through a distribution power system excluding trading, and ''distribute'' and ''distributing'' have corresponding meanings;

"distribution power system" means a power system that operates at or below 132kV;

"distributor" means a person who distributes electricity;

*****

"end user" means a user of electricity or a service relating to the supply of electricity;

"generation" means the production of electricity by any means, and ''generate'' and ''generating'' have corresponding meanings;

"generator" means a person who generates electricity;

"integrated resource plan" means a resource plan established by the national sphere of government to give effect to national policy;

"licensee" means the holder of a licence granted or deemed to have been granted by the Regulator under this Act;

*****

"Minister" means the Minister of Minerals and Energy;

*****

*****

*****

*****

"National Energy Regulator Act" means the National Energy Regulator Act, 2004 (Act No. 40 of 2004);

"person" includes any organ of state as defined in section 239 of the Constitution;

"prescribe" means prescribe by regulation or rule;

"price" means a charge for electricity;

"Regulator" means the National Energy Regulator established by section 3 of the National Energy Regulator Act;

*****

*****

"supply" means trading and the generation, transmission or distribution of electricity;

"tariff" means a charge for electricity;

"trading" means the buying or selling of electricity as a commercial activity;

"transmission" means the conveyance of electricity through a transmission power system excluding trading, and ''transmit'' and ''transmitting'' have corresponding meanings;

"transmission power system" means a power system that operates above 132kV;

"transmitter" means a person who transmits electricity; and

"this Act" includes any regulation or rule made or issued in terms thereof.

Objects of Act

2. The objects of this Act are to—

(a) achieve the efficient, effective, sustainable and orderly development and operation of electricity supply infrastructure in South Africa;

(b) ensure that the interests and needs of present and future electricity customers and end users are safeguarded and met, having regard to the governance, efficiency, effectiveness and long-term sustainability of the electricity supply industry within the broader context of economic energy regulation in the Republic;

ISAHLUKO I

UKUHLAZIYA

Izincazelo

1. Kulo mthetho, ngaphandle kokuthi likhombisa okunye—

"CEO" kusho owengamele lowo ongumlawuli;

* * * * *

"osebenzisa izinto ezithengiswayo" kusho umuntu osebenzisa ugesi noma isevisi ehambisana nokunikezela ugesi;

"umthengi" kusho umuntu othenga ugesi noma isevisi ehambisana nokunikezela ugesi;

"ukwabiwa" kusho ukuhambisa ugesi kusetshenziswa izintambo, kanti ''ukwaba'' kunencazelo ehambelanayo nokwabiwa;

"uhlelo lokwabiwa kwamandla" kusho uhlelo lokuhambisa amandla kagesi ngaphansi kwe-132V;

"umabi" kusho umuntu owaba ugesi;

* * * * *

"ukuphehla" kusho ukukhiqiza ugesi nganoma iyiphi indlela, kanti —phehla kunencazelo ehambisanayo;

"umphehli" kusho umuntu ophehla ugesi;

"ipulani lamandla elixhunyanisiwe" kusho ipulani lamandla elisungulwe uhulumeni kazwelonke elinomthelela emigomeni kazwelonke;

"onelayisense" kusho lowo onelayisense ayinikiwe noma okuthiwa uyinikwe nguMlawuli ngaphansi kwalo Mthetho;

* * * * *

"uNgqongqoshe" kusho uNgqongqoshe wezokuMbiwa phansi naMandla;

* * * * * *

* * * * * *

* * * * * *

* * * * * *

"I-National Energy Regulator Act" kusho i-*National Energy Regulator Act*, yonyaka ka2004 (Umthetho ungunombolo 40 wonyaka ka2004);

"umuntu" kubandakanya noma iyiphi ingxenye kaHulumeni njengoba kuchaziwe esiqephini 239 soMthethosisekelo;

"-nquma" kusho okunqunywe ngumthetho;

"uMlawuli" kusho *iNational Energy Regulator* eyasungulwa ngaphansi kwesiqephu sesi-3 somthetho *iNational Energy Regulator Act*;

* * * * * *

* * * * * *

"-nika" kusho ukuhweba nokuphehla, ukuthunyelwa nokwabiwa kukagesi;

"uhlelo lwemali yokutheliswa" kusho isitatimende esibhaliwe semali ezobizwa, imikhawulo nezimiselo zamasevisi ahambelana nogesi;

"ukuhweba" kusho ukuthengwa nokudayiswa kukagesi njengomsebenzi wokwenza imali;

"ukuthumela" kusho ukuhambisa ngesi ngohlelo lokuthumela amandla kagesi, kanti isenzo ''—thumela'' sinencazelo ehambisanayo;

"uhlelo lokuthumela amandla kagesi" kusho ihlelo lwamandla olusebenza ngaphezu kuka132KV;

"othumelayo" kusho umuntu othumela ugesi; kanye

"Lo Mthetho" ubandakanya noma yimuphi umthetho noma isimiso esenziwe noma imikhawulo ekhishwe kuwo.

Izinto ezimayelana nemithetho

2. Izinjongo zale mithetho uku—

(a) zuza intuthuko eyanele, ephumelelayo, nezohlala isikhathi eside nehlelekile kanye nokusebenzisa ingqalasizinda enikeza ugesi eNingizimu Afrika;

(b) qiniseka ukuthi izidingo, zamanje nezesikhathi esizayo, zabathengi ziqashelwe futhi zifezekile, kuhlonishwe ukuphathwa, ukuqeqesheka, ukukwazi ukusebenza kanye nokuphila isikhathi eside kwemboni yokunikezela ngogesi, uhambisana nemithetho wezamandla emali eRiphabhlikhi;

(c) lungiselela ukufakwa kwemali embonini yokunikeza ugesi;

(c) facilitate investment in the electricity supply industry;
(d) facilitate universal access to electricity;
(e) promote the use of diverse energy sources and energy efficiency;
(f) promote competitiveness and customer and end user choice; and
(g) facilitate a fair balance between the interests of customers and end users, licensees, investors in the electricity supply industry and the public.

CHAPTER II

OVERSIGHT OF ELECTRICITY INDUSTRY

Regulator

3. (1) The National Energy Regulator established by section 3 of the National Energy Regulator Act is the custodian and enforcer of the regulatory framework provided for in this Act.

*****

Powers and duties of Regulator

4. The Regulator—

(a) must—

(i) consider applications for licenses and may issue licences for—
(aa) the operation of generation, transmission and distribution facilities;
(bb) the import and export of electricity;
(cc) trading;

(ii) regulate prices and tariffs;

(iii) register persons who are required to register with the Regulator where they are not required to hold a licence;

(iv) issue rules designed to implement the national government's electricity policy framework, the integrated resource plan and this Act;

(v) establish and manage monitoring and information systems and a national information system, and co-ordinate the integration thereof with other relevant information systems;

(vii) enforce performance and compliance, and take appropriate steps in the case of non-performance;

(b) may—

(i) mediate disputes between generators, transmitters, distributors, customers or end users;

(ii) undertake investigations and inquiries into the activities of licensees;

(iv) perform any other act incidental to its functions.

Advisory forums

5. The Regulator may appoint forums consisting of as many members of the Regulator, employees of the Regulator and other persons as may be necessary to advise the Regulator in general or on a particular matter.

Customer and end user forums

6. (1) The Regulator may establish customer or end user forums consisting of as many members of the Regulator, licensees, employees of the Regulator and categories of customers or end users as may be necessary to advise the Regulator on matters affecting customers or end users in general, or a category of customers or end users in particular.

(d) lungiselela ukuthi bonke abantu bakwazi ukuthola ugesi;
(e) qhubekisa ukusetshenziswa kwemithombo yamandla enhlobonhlobo kanye nokusebenza kahle kwamandla kagesi;
(f) qhubekisa ukuncintisana kanye namathuba okuthi umthengi azikhethele akufunayo; kanye
(g) nokuqhubekisa ukulingana okwamukelekile phakathi kwalokho okuthandwa ngabathengi, ngabanamalayisense, abafaki bezimali embonini yokunikeza ngogesi kanye nomphakathi.

ISAHLUKO II

OKUPHATHELENE NEMBONI KAGESI

UMlawuli

3. (1) I *National Energy Regulator* eyasungulwa yisiqephu 3 somthetho obizwa *ngeNational Energy Regulator Act*, ingumphathi futhi yiyo ezohambisa ngokomthetho uhlaka olunikezwe kulo Mthetho.

* * * * *

Amandla nomsebenzi woMlawuli

4. uMlawuli—
(a) Kumele—
(i) Abheke izicelo zamaliyisesi anphinde akhiphe amalayisense—
(aa) okusebenzisa izinto zokuphehla, zokwethula zokuthumela nokwaba;
(bb) okungenisa nokukhipha ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu
(cc) okuhweba.
(ii) ahlele ngokomthetho amanani namahlelo emali yentela
(iii) abhalise abantu okudingeka ukuthi babhalise kuMlawuli lapho kungadingeki khona ukuthi babe nelayisense;
(iv) akhiphe imithetho ehlelelwe ukusebenza kohlaka lwemigomo kagesi kahulumeni kazwelonke, ipulani lamandla elixhunyanisiwe kanye nalo Mthetho;
(v) asungule, aphathe izinhlelo zokwalusa nezolwazi kanye nohlelo lolwazi lukazwelonke; abuye alunganisa ukuxhumana kwazo nezinye izinhlelo zolwazi ezihambisana nazo;
(vi) aluse ukusebenza, abheke ukuthi kuhambisana nohlaka lwemigomo kagesi lwahulumeni kazwelonke, ipulani lamandla elixhunyanisiwe kanye nalo Mthetho;
(vii) enze ukuthi kusetshenzwe ngendlela nokuthi imigomo ebekiwe ilandelwa, nokuthatha izinyathelo ezifanele uma kungasetshenzwa ngokufanele.
(b) Angenza lokhu—
(i) axazulule imibango ephakathi kwabaphehli bamandla kagesi, kwabethuli kwababi kanye nabantu abasebenzisa ezithengiswayo;
(ii) aphenye abuye abuze ngalokho okwenziwa yilabo abanamalayisense; yakhe
(iii) nokwenza eminye imisebenzi ehambisana nemisebenzi.

Izigungu zokweluleka

5. UMlawuli angakhetha isigungu esinesibalo asithandayo samalunga alawulayo, abasebenzi bomlawuli kanye nabanye abantu abangadingeka ukweluleka umlawuli odabeni oluthile.

Isigungu zamaKhasimende kanye nabasebenzisi bomkhiqizo

6. (1) UMlawuli angasungula isidlangala sabathengi nabantu abasebenzisa izinto ezithengiswayo, esinamalunga abangabalawuli, abasebenzi nezinhlobo zabathengi nabantu abasebenzisa izinto ezithengiswayo, okungaba nesidingo sokuthi beluleke lowo ohambisa izinto ngokomthetho ezintweni ezithinta abathengi nabantu abasebenzisa

(2) The Regulator must require a licensee to establish and fund a customer or end users forum in the manner set out in the licence held by such a person.

CHAPTER III

ELECTRICITY LICENCES AND REGISTRATION

Application of Chapter

*****

Activities requiring licensing

8. (1) No person may, without a licence issued by the Regulator in accordance with this Act—

(a) operate any generation, transmission or distribution facility;

(b) import or export any electricity; or

(c) be involved in trading.

(2) Notwithstanding subsection (1), a person involved in an activity specified in Schedule II need not apply for or hold a licence issued by the Regulator.

(3) *(a)* Nothing in this Act precludes a potential licensee from discussing the contemplated operation of generation, transmission and distribution facilities, the import or export of electricity, trading, or any other activity relating thereto, prior to filing a licence application with the Regulator.

(b) The Regulator must furnish an applicant contemplated in paragraph *(a)* with all information necessary to facilitate the filing of an application for a licence.

(4) No request for further information, notification or discussions referred to in subsection (3) may in any way be construed as conferring any right or expectation on an applicant.

Certain activities not licensed

9. The Minister may, after consultation with the Regulator and stakeholders in the advisory forum, determine by notice in the *Gazette* that any activity contemplated in section 8(1) need no longer be a licensed activity from the date set out in such notice.

Registration

10. (1) The Minister may, in consultation with the Regulator, determine by notice in the *Gazette* that any person involved in an activity relating to trading or the generation, transmission or distribution of electricity that does not require licensing in terms of section 8 read with section 9 must register with the Regulator.

(2) Any person who has to register with the Regulator must do so in the form and in accordance with the prescribed procedure, and an application for registration must be accompanied by the prescribed registration fee: Provided that any person holding a valid licence at the date of a determination contemplated in section 9 must be issued with a registration certificate without complying with the prescribed procedure.

(3) *(a)* On receipt of an application in terms of subsection (2) the Regulator must forthwith register the applicant for the activities set out in a certificate of registration to be provided to such a person.

(b) The Regulator may refuse to register such a person or activity—

(i) if the application is not made within the prescribed period or is not accompanied by the prescribed registration fee; or

(ii) if the application is contrary to the objectives of this Act.

(4) The Regulator may make registration subject to—

(a) adherence to the provisions of this Act;

izinto ezithengiswayo noma ezithinta izinhlobo zabathengi nabantu abasebenzisa izinto ezithengiswayo ezimeni ezithile.

(2) UMlawuli, angacela lowo onelayisense ukuthi asungule futhi afake imali kulesi sidlangala sabathengi nabantu abasebenzisa izinto ezithengiswayo, njengoba kubekiwe elayisenseni yalowo muntu.

ISAHLUKO III

Ukusebenzisa isahluko

* * * * *

Imisebenzi edinga ilayisense

8. (1) Akekho umuntu, ngaphandle uma enelayisense ekhishwe nguMlawuli ehambelana nalo Mthetho—

(a) ongasebenzisa izinto zokuphehla, zokuthumela, nezokwaba;

(b) ongangenisa noma akhiphe ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu; noma

(c) ongazimbandakanya ekuhwebeni.

(2) Ngale kwesiqeshana (1), umuntu obambe iqhaza emsebenzini okukhulunywa ngawo oHlelweni 2, akumele ufake isicelo selayisense noma abe nelayisense ekhishwe nguMlawuli.

(3) *(a)* Alukho kulo Mthetho oluvimbela umuntu ongathola ilayisense ukuthi axoxe ngaleso sakhiwo asicabangayo noma ukusebenzisa izinto zokuphehla, zokuthumela nokwaba ngogesi, ukungenisa nokukhipha ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu, ukuhweba noma yimiphi eminye imisebenzi ehambisana nakho lokhu okungenhla. Ngaphambi kokufaka isicelo selayisensi sokuthola kuMlawuli.

(b) UMlawuli kumele anike lowo ofake isicelo, okukhulunywa ngaye esigabeni *(a)*, ulwazi oludingekayo oluzomsiza ekugcwaliseni isicelo selayisense.

(4) Azikho izicelo zolunye ulwazi, izaziso noma izingxoxo ekukhulunywe ngazo esiqeshaneni (3) ezingabe sezithathwa njengento enikeza ilungelo noma ithemba elithile kulowo ofake isicelo.

Eminye imisebenzi engadingi ilayisense

9. UNgqongqoshe angakwazi emuva kokuthi esexhumene noMlawuli, nomphakathi kanye nezigungu zokolulekaukuthi anqume ukufaka isaziso *kwiGazethi* esimayelana nanoma yimiphi imisebenzi ecatshangiwe esiqeshini sesi-8 (1), ayidingi ukuthi ibe yimisebenzi edinga ilayisense kusukela kulelo langa eliyobe libekwe kuleso saziso, esinjengaleso.

Ukubhalisa

10. (1) UNgqongqoshe angakwazi ukuthi, emuva kokuthi esexoxisenenoMlawuli, anqume ukufaka isaziso kwiGazethi esisho ukuthi noma yimuphi umuntu ozibandakanye emisebenzini yokuhweba noma yokuphehla, yokuthumela noma yokwabiwa kukagesi; engadingi ilayisense ngokwesiqephu 8, kanye nesiqephu 9.

(2) Noma yimuphi umuntu okumele abhalise kuMlawuli, kumele alandele indlela nenqubo enqunyiwe, kanti isicelo sokubhalisa kumele sihambisane nemali yokubhalisa enqunyiwe: Ngale kwalokho, noma yimuphi umuntu onelayisense esemthethweni ngesikhathi kwethulwa okucatshangwayo ngokwesiqephu 9, kumele anikwe isitifiketi sokubhalisa ngaphandle kokwenza konke okumele kwenziwe kule nqubo enqunyiwe.

(3) *(a)* Ekutholeni lesi sicelo esihambisana nesiqeshana 2, uMlawuli kumele ngaleso sikhathi abhalisele lowo ofake isicelo imisebenzi ebekwe esitifiketini sokubhalisa esizonikwa lowo muntu.

(b) uMlawuli anganqaba ukubhalisa lowo muntu noma umsebenzi—

(i) uma isicelo singafakwanga ngesikhathi esinqunyiwe noma isicelo singahambisani nemali yokubhalisa enqunyiwe; noma

(ii) uma ofaka isicelo ephikisana nezinjongo zalo Mthetho.

(4) uMlawuli angabhalisa abantu, kepha konke kuncike—

(a) ekulandeleni imiyalo ekulo Mthetho

(b) conditions relating to the supply of information to the Regulator, the dissemination of information to customers or end users, and the establishment and funding of customer and end user awareness programmes.

Application for licence

11. (1) *(a)* A person who has to hold a licence in terms of section 8 must apply to the Regulator for such a licence in the form and in accordance with the prescribed procedure.

(b) Such an application must be accompanied by the prescribed application fee.

(2) Any application contemplated in subsection (1) must include—

(a) a description of the applicant, including vertical and horizontal relationships with other persons engaged in the operation of generation, transmission and distribution facilities, the import or export of electricity, trading or any other prescribed activity relating thereto;

(b) such documentary evidence of the administrative, financial and technical abilities of the applicant as may be required by the Regulator;

(c) a description of the proposed generation, transmission or distribution facility to be constructed or operated or the proposed service in relation to electricity to be provided, including maps and diagrams where appropriate;

(d) a general description of the type of customer to be served and the tariff and price policies to be applied;

(e) the plans and the ability of the applicant to comply with applicable labour, health, safety and environmental legislation, subordinate legislation and such other requirements as may be applicable;

(f) a detailed specification of the services that will be rendered under the licence;

(g) evidence of compliance with any integrated resource plan applicable at that point in time or provide reasons for any deviation for the approval of the Minister; and

(h) such other particulars as the Minister may prescribe.

Advertising of licence application

12. (1) When application is made for a licence the Regulator may require that the applicant publish a notice of the application in appropriate newspapers or other appropriate media circulating in the area of the proposed activity in at least two official languages.

(2) The advertisement must state—

(a) the name of the applicant;

(b) the objectives of the applicant;

(c) the place where the application will be available for inspection by any member of the public;

(d) the period within which any objections to the issue of the licence may be lodged with the Regulator;

(e) the address of the Regulator where any objections may be lodged;

(f) that objections must be substantiated by way of an affidavit or solemn declaration; and

(g) such other particulars as may be prescribed.

(3) The advertisement contemplated in subsection (1) must be published for such period or in such number of issues of a newspaper as may be prescribed.

(4) The Regulator must consider objections to the application contemplated in subsection (1) and make its decision available to the public together with its reasons for such decision.

Information to be supplied

13. Before considering an application for a licence in terms of this Act, the Regulator—

(a) must furnish the applicant with all substantiated objections in order to allow the applicant to respond thereto; and

(b) may request such additional information as may be necessary to consider the application properly.

(b) ezimiselweni ezihambelana nokunikeza ulwazi kulowo ohambisa izinto ngokomthetho, ukuhanjiswa kolwazi oluya kubathengi nakulabo abasebenzisa izinto ezithengiswayo, kanye nokusungulwa nokukhokhelwa kwezinhlelo eziqwashisa abathengi nalabo abasebenzisa izinto ezithengiswayo,

Ukufaka isicelo selayisense

11. (1)*(a)* Umuntu okumele abe nelayisense ngokwesiqephu 8, kumele afake isicelo sakhe, saleyo layisense elandela indlela nezinqubo ezinqunyiwe, kuMlawuli.

(b) Lolo hlobo lwesicelo kumele luhambisane nemali yokufaka isicelo enqunyiwe.

(2) Noma yisiphi isicelo somsebenzi esicatshangiwe esiqeshaneni (1) kumele sibandakanye—

(a) incazelo yomuntu ofake isicelo, kubandakanya nobuhlobo obunhlobonhlobo nabantu, abasebenza umsebenzi wokwakha noma wokusebenzisa izinto zokuphehla amandla kagesi, zokuthumela, zokwaba, nokuhweba ngogesi, ukungenisa nokukhipha ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu, kanye nokubhekelela izindaba ezixhumene kanye nakho lokhu okungenhla;

(b) ubufakazi obubhaliwe bolwazi lokuphatha, lwezimali nolobuciko balowo ofaka isicelo njengoba budingwa nguMlawuli;

(c) incazelo yomsebenzi ohlongozwayo wokuphehla amandla kagesi, wokuthumela, wokwaba izinto ezizokhwakhiwa noma ezizosetshenziswa noma umsebenzi ohlongozwayo ohambisana nogesi ozokwenziwa, kubandakanya namabalazwe nemidwebo lapho kunesidingo khona;

(d) incazelo evamile yohlobo lomthengi ozodayiselwa ngokwehlelo lemali yentela nemigomo yentengo ezosetshenziswa;

(e) amapulani nokukwazi komuntu ofake isicelo ukuhambisana nomthetho omayelana nabasebenzi, umthetho wempilo nowokuphepha nowokuhlalisana kwabantu kanye nezinye izidingo njengoba zingahambelana.

(f) imininingwane ephelele yomsebenzi ezokwenziwa kule layisense;

(g) ubufakazi obuhambisana nepulani lamandla elixhunyanisiwe elihambelana naleso sikhathi; kanye

(h) neminye imininingwane enganqunywa nguNgqongqoshe.

Ukukhangisa ngesicelo selayisense

12. (1) Uma isicelo selayisense sesifakiwe, uMlawuli angadinga ukuthi umuntu ofake isicelo ashicilele isaziso sesicelo ephephandabeni noma kunoma yiluphi uhlobo lwezokusakaza olusetshenziswa kuleyo ndawo ngezilimi okungenani ezimbili ezisemthethweni.

(2) Isikhangiso kumele sibeke lokhu:

(a) igama lalowo ofake isicelo;

(b) izinjongo zalowo ofaka isicelo;

(c) indawo, lapho isicelo esifakiwe, singatholakala khona uma sesizohlolwa yinoma yiliphi ilungu lomphakathi;

(d) isikhathi okungafakwa ngazo izicelo eziphikisa ukuthi athole ilayisensi kulowo ohambisa izinto ngokomthetho;

(e) ikheli likaMlawuli okungathunyelwa kulona izicelo eziphikisa lesi sicelo selayisense;

(f) isicelo esiphikisayo singachazwa uma sekwenziwa isifungo phambi kwelunga lasemthethweni; kanye

(g) neminye imininigwane ehambisana nalokhu ingadingeka.

Ulwazi okumele lunikwezwe abantu

13. Ngaphambi kokubheka isicelo selayisense ngokwalo Mthetho, uMlawuli kumele—

(a) anike lowo ofake isicelo lezo zicelo eziphikisa isicelo sakhe ukuze athole ithuba lokuphendula kuzona; kanye

(b) angacela lolo lwazi olwengeziwe olungadingeka ukucubungula lesi sicelo ngendlela efanele.

Finalisation of application

14. (1) The Regulator must decide on an application in the prescribed manner within 120 days—

(a) after the expiration of the period contemplated in section 12(2)*(d)*, if no objections have been received; or

(b) after receiving the information contemplated in section 13*(b)*.

(2) The Regulator must provide the applicant with a copy of its decision as well as the reasons for the decision.

(3) The Regulator must issue separate licences for—

(a) the operation of generation, transmission and distribution facilities;

(b) the import and export of electricity; or

(c) trading.

(4) The Regulator is not obliged to issue a licence and may issue only one licence per applicant for each of the activities contemplated in subsection (3).

Conditions of licence

15. (1) The Regulator may make any licence subject to conditions relating to—

(a) the establishment of and compliance with directives to govern relations between a licensee and its or end users, including the establishment of or end user forums;

(b) the furnishing of information, documents and details that the Regulator may require for the purposes of this Act;

(c) the period of validity of the licence in accordance with section 21;

(d) the setting and approval of prices, charges, rates and tariffs charged by licensees;

(e) the methodology to be used in the determination of rates and tariffs which must be imposed by licensees;

(f) the format of and contents of agreements entered into by licensees;

(g) the regulation of the revenues of licensees;

(i) the setting, approving and meeting of performance improvement targets, including the monitoring thereof through certificates of performance;

(j) the quality of electricity supply and service;

(k) the cession, transfer or encumbrance of licences, including the compulsory transfer of a licence to another person under certain conditions, and terms and conditions relating thereto;

(l) the right to operate generation, transmission or distribution facilities, to import or export electricity, to trade or to perform prescribed activities relating thereto, including exclusive rights to do so, and conditions attached to or limiting such rights;

(m) the duty or obligation to trade, or to generate, transmit or distribute, electricity, and conditions attached to such duties or obligations;

(n) the termination of electricity supply to customers and end users under certain circumstances, the duty to reconnect without undue discrimination, and conditions relating thereto;

(o) the area of electricity supply to which a licensee is entitled or bound;

(p) the classes of customers and end users to whom electricity may or must be supplied;

(q) the persons from whom and to whom electricity must or may be bought or sold;

(r) the types of energy sources from which electricity must or may be generated, bought or sold;

(s) compliance with health, safety and environmental standards and requirements;

(t) compliance with any regulation, rule or code made under this Act;

Ukuphelelisa isicelo selayisense

14. (1) UMlawuli kumele athathe isinqumo ngesicelo elandela inqubo enqunyiwe zingakapheli izinsuku ezingu-120—

(a) ngemuva kokudlula kwesikhathi esihlongiziwe esiqephini 12(2)*(d)* uma kungazange kutholwe izicelo eziphikisayo; noma

(b) ngemuva kokuthola imininingwane ehlongoziwe esiqephini 13*(b)*.

(2) UMlawuli kumele anike lowo ofake isicelo ikhophi yesinqumo asithathile kanye nezizathu zaleso sinqumo.

(3) UMlawuli kumele akhiphe amalayisense ehlukene alokhu:—

(a) okusebenzisa izinto zokuphehla amandla kagesi, zokuthumela, nezokwaba;

(b) okungenisa nokukhipha ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu; noma

(c) okuhweba

(4) UMlawuli uphoqelekile ukukhipha ilayisense nokuthi angakhipha ilayisense eyodwa yalawo nalowo muntu ofake isicelo semisebenzi ehlongozwayo esingatshaneni (3).

Imibandela yelayisense

15. (1) UMlawuli angenza ukuthi ilayisense incike ekutheni—

(a) kusungulwe nokuthi kuhanjiswe ngokwenqubomgomo ebusa ubudlelwano obuphakathi kofuna ilayisensi nomthengi, kubandakanya nokusungulwa kwesidlangala sabathengi;

(b) kulethwe ulwazi, imiqulu nemininingwane engafunwa nguMlawuli;

(c) esikhathini ilayisensi esebenza ngaso sihambisana nenqubo enqunywe nguNgqongqoshe;

(d) kuhlelwa futhi kugunyazwe intengo, imali ekhokhelwa abedolobha, nehlelo lemali yentela nezinhlelo zemali ezibizwe ngabanalayisense;

(e) endleleni ezosetshenziswa ukunquma izimali ezikhokhelwa abedolobha, nezinhlelo zemali ezingeza nabanamalayisense;

(f) ukuhleleka kwesivumelwano nokuqukethwe yisivumelwano onelayisense angene kusona;

(g) ekulawuleni imali engenayo yabanamalayisense;

(h) ipulani nesibopho sokuhambisa ugesi, kubandakanya namapulani uma kunezimo eziphuthumayo;

(i) ahlele, ukugunyaza kanye nemihlangano emayelana nemigomo yokuthuthukisa, kubandakanya nokwelusa ngezitifiketi zokusebenza;

(j) ezingeni eliphezulu lokuhambisa ugesi kanye namasevisi;

(k) ukuyeka, ukudlulisela amalayisensi komunye noma ukusindwa kwamalayisensi kubandakanya nokudluliswelwa kwelayisensi okuphoqiwe iyiswa komunye umuntu ngaphansi kwezimo ezithize, amathemu nezimo ezihambisana nalokhu;

(l) ilungelo ukusebenzisa izinto zokuphehla amandla kagesi, zokuthumela, nezokwaba; ukungenisa nokukhipha ugesi emazweni angaphandle kwezwe lethu; kanye nokuhweba noma ukwenza eminye imisebenzi ehambisana nalokhu, kubandakanya amalungelo okwenza kanje, nesimiso ezihambisana nalokhu noma ukwehlisa lawa malungelo;

(m) emsebenzini noma isibopheni sokuhweba, sokuphehla amandla kagesi, zokuthumela, nezokwaba;, nezimo ezihambelana nawo noma okuvimba lawo malungelo;

(n) ekunqanyulweni kukagesi kubathengi ngaphansi okudalwa yizimo ezithize, nomsebenzi wokuwuvula futhi ngale kokubandlululwa nezimo ezihambelana nakho;

(o) indawo yokunikeza ugesi lowo onelayisensi okumele asebenze kuyo;

(p) izinga labathengi okumele banikezwe noma banganikezwe ugesi;

(q) umuntu okumele kuthengwe kuye noma okumele athengiselwe ugesi;

(r) izinhlobo zemithombo yamandla lapho kususelwa khona ugesi, othengwa khona noma odayiswa khona;

(s) ekuhambisaneni nezidingo namazinga empilo, okuphepha kanye namazinga esimo sokuhlalisana kwabantu;

(t) ekuhambisaneni nemithetho nezimiso, nendlela yokuziphatha nenhlanganisela yemithetho eyenziwe ngaphansi kwalo Mthetho;

(u) compliance with energy efficiency standards and requirements, including demand-side management;
(w) the undertaking of customer or end user education programmes;
(x) the need to maintain facilities in a fully operational condition;
(y) the period within which licensed facilities must become operational; and
(z) any other condition prescribed by the Regulator.

(2) The Regulator may, as part of a licence condition imposed under subsection (1), prohibit a licensee from performing or force a licensee to perform any act set out in such licence.

Tariff principles

16. (1) A licence condition determined under section 15 relating to the setting or approval of prices, charges and tariffs and the regulation of revenues—
(a) must enable an efficient licensee to recover the full cost of its licensed activities, including a reasonable margin or return;
(b) must provide for or prescribe incentives for continued improvement of the technical and economic efficiency with which services are to be provided;
(c) must give end users proper information regarding the costs that their consumption imposes on the licensee's business;
(d) must avoid undue discrimination between customer categories; and
(e) may permit the cross-subsidy of tariffs to certain classes of customers.

(2) A licensee may not charge a customer any other tariff and make use of provisions in agreements other than that determined or approved by the Regulator as part of its licensing conditions.

(3) Notwithstanding subsection (2), the Regulator may, in prescribed circumstances, approve a deviation from set or approved tariffs.

Amendment of licence

17. (1) The Regulator may vary, suspend or remove any licence condition, or may include additional conditions—
(a) on application by the licensee;
(b) with the permission of the licensee;
(c) upon non-compliance by a licensee with a licence condition;
(d) if it is necessary for the purposes of this Act; or
(e) on application by any affected party.

(2) The Minister must prescribe the procedure to be followed in varying, suspending, removing or adding any licence condition.

Revocation of licence on application

18. (1) The Regulator may revoke a licence on the application of a licensee if—
(a) the licensed facility or activity is no longer required;
(b) the licensed facility or activity is not economically viable;
(c) another person is willing and demonstrably able to assume the rights and obligations of that licensee in accordance with the requirements and objectives of this Act, and a new licence is issued to such a person; or
(d) conditions of a licence are not met.

(2) A licensee must, in the circumstances contemplated in subsection (1)*(a)* and *(b)*, give the Regulator at least 12 months' notice in writing of his or her intention to cease activities, unless the Regulator determines otherwise.

(3) The Minister must prescribe the form and procedure to be followed in revoking a licence.

(u) ekuhambisaneni namamazinga nezidingo zikagesi eziphelele, kubandakanya nokuphatha;
(v) ezinhlotsheni zabathengi okungancintiswanwa ngabo, kanye nezimo ezihambisana nalokhu kuncintisana;
(w) ekuqhubeni izinhlelo zokufundisa abathengi;
(x) esidingweni sokugcina izinto zokusebenza zisezimeni sokusebenza ngokugcwele;
(y) esikhathini okumele izinto zokusebenza ezinelayisense ziqale ngaso ukusebenza; kanye
(z) nakwezinye izimo ezinqunyiwe.

Imigomo yehlelo lwemali yokutheliswa

16. (1) Imibandela yelayisense ekukhulunywa ngayo ngaphansi kwesiqephu 15 ehambisana nesimo senhlalo noma nehlelo lwemali yentela noma ukulawula imali engenayo—

(a) umuntu onelayisense kumele akwazi ukuthola imali yakhe kuleyo misebenzi avunyelwe ukuyenza, kubandakanya nenzuzo eyamukelekile;
(b) kube nezinto ezizokhuthaza ukuthi kube nentuthuko eqhubekayo kulokho okwenziwayo;
(c) kumele inike labo abasebenzisa izinto ezithengiswayo ulwazi olufanele olumayelana nezindleko zokusebenzisa ugesi ebhizinisini lalowo onelayisensi;
(d) kumele agweme ubandlululo phakathi kwezinhlobo zabathengi bakhe; kanye
(e) nokuvumela imixhaso yamahlelo lemali yentela kubantu abasemazingeni athile.

(2) Onelayisense angeke abiza umthengi noma yiliphi ihlelo lemali yentela noma enze ezinye izivumelwano ngaphandle kwalezo ezinqunywe noma ezigunyazwe yilongulawuli njengengxenye yimibandela yelayisense.

(3) Ngale kwesiqephu 3, uMlawuli, ezimeni ezinqunyiwe, angakwazi ukuthi avumela ukwehluka kwehlelo lemali yentela einqunyiwe.

Ukuchitshiyelwa kwelayisense

17. (1) UMlawuli angangavumi, angamisa noma ephuce noma yimiphi imibandela yelayisense, noma angengeza eminye imibandela—

(a) ekufakweni kwesicelo selayisense;
(b) ngemvume yonelayisense;
(c) uma onelayisense engalandelanga imibandela yelayisense;
(d) uma kunesidingo ngokwenjongo yalo Mthetho; noma
(e) uma lowo othintekayo efaka isicelo.

(2) UNgqongqoshe kumele anqume inqubo okumele ilandelwe ezimeni ezahlukene, zokumisa, zokwephuca noma zokwengeze imibandela yelayisense.

Ukuchithwa kwesicelo selayisense

18. (1) UMlawuli angasichitha isicelo selayisense ngesikhathi kufakwa isicelo uma—

(a) izinto noma imisebenzi enikezelwe ilayisense ingasadingeki;
(b) izinto noma imisebenzi yelayisensi ingasangenisi imali;
(c) kukhona omunye umuntu ozimisele futhi okhombisayo ukuthi uyakwazi ukufeza amalungelo kanye nesibopho salo Mthetho nelayisense elisha likhishelwe lowo muntu; noma
(d) imibandela yelayisense kungahlangabezanwanga nayo.

(2) onelayisensi kumele ukuba, ezimeni ekukhulunywe ngazo esiqephini 1*(a)* no *(b)*, unika uMlawuli okungenani inothisi ebhaliwe yezinyanga ezingu-12 yokumisa imisebenzi yakhe noma ngaphandle kokuthi uMlawuli enquma ngokunye.

(3) UNgqongqoshe kumele anqume izindlela nezinqubo ezizolandelwa uma kuchithwa ilayisense.

Contraventions of licence

19. (1) If it is alleged that a licensee has contravened or failed to comply with a licence condition or any provision of this Act, the Regulator may sit as a tribunal to decide on the allegation.

(2) If the tribunal finds that the allegation contemplated in subsection (1) is correct it may serve a notice on the licensee directing the licensee to comply with the licence condition or the provision of this Act, as the case may be, within a reasonable period specified in the notice.

(3) If it is alleged that the licensee has failed to comply with a notice in terms of subsection (2) the Regulator may sit as a tribunal to decide on that allegation.

(4) If the tribunal finds that the allegation contemplated in subsection (3) is correct it may impose a penalty of 10 per cent of the annual turnover of the licensee or R2 000 000,00 (whichever is the higher amount) per day commencing on the day of receipt of the notice contemplated in subsection (2).

(5) The Regulator must consider the extent of the non-compliance in deciding the amount of any penalty.

(6) The Minister may from time to time by notice in the *Gazette* amend the amount referred to in subsection (4) in order to counter the effect of inflation.

Order by court

20. (1) The Regulator may by way of application on notice of motion apply to the High Court for an order suspending or revoking a licence if there is any ground justifying such suspension or revocation.

Renewal of licence

21. (1) Any generation or transmission licence issued in terms of this Act is valid for a period of 15 years or such longer period as the Regulator may determine.

(2) Any distribution or trading licence issued in terms of this Act is valid for the period determined by the Regulator.

(3) A licensee may apply for the renewal of his or her licence.

(4) An application for renewal must be granted, but the Regulator may set different licence conditions.

(5) A licensee may not assign a licence to another party.

Powers and duties of licensee

22. (1) A licence issued in terms of this Act empowers and obliges a licensee to exercise the powers and perform the duties set out in such licence and this Act, and no licensee may cede, transfer any such power or duty to any other person without the prior consent of the Regulator.

(2) A licensee may not discriminate between customers or classes of customers regarding access, tariffs, prices and conditions of service, except for objectively justifiable and identifiable differences approved by the Regulator.

(3) A transmission or distribution licensee must, to the extent provided for in the licence, provide non-discriminatory access to the transmission and distribution power systems to third parties.

(4) Access in terms of subsection (3) must be provided on the conditions set out in the licence of such transmitter or distributor, that may relate to—

(a) the circumstances under which access must be allowed;

(b) the circumstances under which access may be refused;

(c) the strengthening or upgrading of the transmission or distribution power system in order to provide for access, including contributions towards such upgrading by the potential users of such systems, if applicable;

Ukwephula kwemibandela ye layisensi

19. (1) Uma kusolakala ukuthi onelayisense uphule noma uhlulekile ukulandela imigomo yayo noma lo Mthetho, UMlawuli angamhlalisa esigcawini samacala ukunquma ngalezo zonsolo.

